HEALTH
KwaZulu-Natal

INQUBO YOKUZINIKELA KWABASEBENZI BASE–EDUMBE CHC

UMBONO/INJONGO

Ukuba siphumelele ekwenyuseni izinga lezempilo kubo bonke abantu baseDumbe

UMGOMO WETHU

Ukuba sakhe isimo esiyokwenza ukuba sikwazi ukubambisana nokuhlanganyela ekwakheni izimo ezingcono kuwona onke amazinga abantu ngokohlelo oluphucuzekile kwezempilo.

IZIMO EZIBALULEKILE

Ukuze sifeze umgomo wethu, sizolandela lezi izimo ezibalulekile:

- **Ukuthembeka okwakhelwe eqinisweni, ubuqotho kanye Nokubuyisana**
- **Ukuxhumana okuvulelekile nokubonisana**
- **Ukusebenza ngokuzinikela**
- **Ugqozi lokufunda, ukuletha inguquko nokudala amasu amasha okusebenza**

SITHEMBISA UKUZIBOPHEZELA KULAMAZINGA NA-MAQOPHELO EMISEBENZI ESIZA UMPHAKATHI ALAN-DELAYO:

UMA UVAKASHELE ISIKHUNGO SETHU SEZEMPILO, NAKHU OZOKUTHOLA:

- Uzophathwa ngenhlonipho nesimo sakho sempilo siyog-cinwa siyimfihlo
- Siyokusiza ngokusemandleni ethu
- Uyonikezwa usizo, ukwelasha kanye nokusekwa ngok-wezidingo zakho
- Uyokhonjiswa umyango ozothola kuwona usizo noma owufunayo
- Uyodluliselwa emnyangweni oqondene nosizo oludingayo

NALU USIZO ONGALUTHOLA ESIKHUNGWENI SETHU

Ezokuhlelwa komndeni
Umgomo wabantwana
Umtholampilo wabakhulelwe
Ukuhlolwa kwegazi nokwelulekwa
Ukuhlolwa kwengqondo
Ukuthathwa izithombe
Ugumbi lokuhlolwa kwegazi nokunye
Udokotela wamazinyo
Umtholampilo owumahamba nendlwana
Ukwelashelwa ngaphandle
Umeluleki wezokudla
Usizo oluphuthumayo
Iwodi lababelethayo/labatetayo
Ushanguzo yesifo sengculazi
Ukuhlolwa nokulashwa kwamehlo
Izindaba esiphathelene nentsha
Eziphathelene nenzalo
Ukwelashwa kwezifo ezingatheni
Usizo lwezempilo jikelele
Usizo lwezenhlalakahle
Ikliniki yofuba
Ukuhlolwa komdlavuza wesibeletho nowebele

Usomqulu wamalungelo eziguli siyaweseka njengekhasimende lethu nanka amalungelo akho:

- Yilungelo lakho lokuthi uhlonipheke
- Noma isiphi isiguli sinelungelo lempilo engcono nokuphila endaweni evikelekile
- Nokuba nelungelo ekuthathweni kwezinqumo
- Ukwazi ukuthola noma yiluphi uhlobo aludingayo lwezempilo
- Ukuba nolwazi ngempilo yakho
- Umshwalense noma umxhaso ngosizo lokwelashwa
- Ukuziqokela usizo lwezempilo oludingayo
- Ukwelashwa yilabo abanelungelo lwezempilo olusemthethweni
- Ulwazi ngempilo yakho luyimfihlo yakho nalowo okwelaphayo
- Ukwazisa labo abasondelene nawe
- Ukwala ukwelashwa
- Umbono wesibili
- Ukuqhubeka nokunakekelwa
- Izikhalo ezimayelana nosizo lwezempilo

Uma uxhumana nathi ngocingo noma usibhalela siyo:

- Phendula ucingo ngaphambi kokukhala kwesihlanu siphendule umbuzo wakho ngendlela egculisayo
- Kwazisa ukuthi siyitholile incwadi yakho emva kwezinsuku ezintathu siyitholile
- Kunikeza igama lomuntu ozoxhumana naye mayelana nencwadi yakho
- Kwazisa ukuthi ungayilindela nini impendulo
- Kunikeza imniningwane mayelana nomuntu incwadi yakho edluliselwe kuye
- Sithembisa ukuxazulula izikhalazo uze ugculiseke

Ukuzama ngakhokonke okusemandleni ukuthuthukisa izinga lokunakekela

- Sizokwehlisa isikhathi sokulinda kungabi ngaphezu kwamahora amabili
- Sizophucula izinga lokuthola usizo ngokuba isikhungo sivulwe amahora angu-24
- Sizobeka izimpawu ngaphakathi nangaphandle ezikhombisa lapho ozothola khona usizo ukuze ungabambezeleki
- Ukuqiniseka ukuthi uthola imithi ngalalasuku
- Ukukhuluma nawe ngolimi ozoluzwa
- Sizoqiniseka ukuphepha nokuvikeleka uma usemtholampilo wethu
- Sizogcina izinga eliphezulu lenhlanzeko ukuqinisekisa ukuphephe kwakho ezifeni

Kukhokonke esikwenzayo, siqinisekisa ukulandela imigomo yeBatho Pele elandelayo:

- Ukubonisana
- Amazinga Namaqophelo Emisebenzini esiza umphakathi
- Obani abangahlomula
- Ukuphathwa kahle nangenhlonipho
- Ulwazi
- Ukusebenza ngendlela esobala
- Ukunxephezela nokuqondisa ukungeneliseki
- Zuza ukwenelika ngemali yakho
- Ukukhuthaza ukuzithuthukisa nokubonga labo abasebenza ngokuzimisela
- Ubuholi nombono ngekusana
- Umthelela kumakhasimende

SITHOLAKALA KUPHI

EDUMBE CHC

- **STAND NO. 463, eDumbe main Road**

The following are clinics under eDumbe sub-district

FRIESCHGEWACHT CLINIC

- **Stand no. 1835, Bilanyoni**

PRINCESS MHLOSHENI CLINIC

- **Dlamini Traditional Council (next to magistrate's court)**

LUNERBURG CLINIC

- **Lunerburg Clinic (next to Kwamkwashalazi store**

HARTLAND CLINIC

Next to Sidubelo Primary School

OPHUZANE CLINIC

Next to magistrate court